



education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL
SENIOR CERTIFICATE**

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2009

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-11.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

1. Abahlolwayo mabaphendule YONKE imibuzo ekuleli phepha.
2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (30)
3. Abahlolwayo mabafundisise YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
4. Abahlolwayo mabaqalise isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese bedwebela umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Abahlolwayo mababhale izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Abahlolwayo mabashiye umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. QAPHELA: Abahlolwayo mabaqaphele upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ngaso:

Ziningi izinto ezenzekile ngonyaka wezi-2008 mayelana nokusingathwa kwemidlalo yeNdebe yoMhlaba kuleli laseNingizimu Afrika. Okufike kwahlaba abantu baseNingizimu umxhwele, isimemezelo sikaMengameli weBhola loMhlaba. Phela uMengameli ulibeke ngembaba elokuthi uMdali kuphela ongavimbela elakuleli ukuba lisingathe eyomhlaba.

La mazwi aqhamuka nje ngoba sekube nosibhincamakhasana abebesabalalisa amahlebezi okuthi sekukhona izwe elilinde wena owabona uheshane, ukusingatha lo mqhudelwano uma kwenzeka leli lehluleka njengokusho kwabo. Ingani negama lalalo zwe bese beligagulile, okuyilelo eliyizimbangi zeNingizimu Afrika emidlalweni eminingi. Abanye bakuleli abangayijabuleli inkululeko yakuleli babaleka bayozinza kulo.

Labo hubhukabhejane bebesho bengangabazi ukuthi iNingizimu Afrika inezinkinga kumbe izinselelo eziningi zokwakha izinkundla zokudlalela. Bebesho khona ukuthi izindleko zokwakha zenyukile kakhulu. Kanti nobungebengu budla umunyu kuleli, kuhlangele nokushoda kukagesi. Iliphi izwe umhlaba uhlangele nje, elingenabo ubugebengu? Inkinga yokushoda kukagesi ike yakhungatha leli zwe kwangathi ithi nihlale nikwenza kunilungele. Kukho konke ithimba lokuhlola inqubekela phambili yamalungiselelo lifike lahlabeke umxhwele uma libona izinkundla okuzodlalelwa kuzo imidlalo yokubhula amazolo.

Kuzokhumbuleka ukuthi inkundla yaseBhayi kudingeke ukuba ihoxiswe ekusetshenziselweni le midlalo yokubhula amazolo. Kwatholakala ukuthi izobe ingakulungele ukusetshenziswa ngesikhathi sokuqala kwale midlalo. Abantu baseBhayi bawotha ubomvu uma bezwa lokhu. Nokho iyaqhubeka ukwakhiwa ngoba izosetshenziselwa imidlalo yowamanqamu ngonyaka wezi-2010. Enye inkundla eke yaba sematheni yileyo okuthiwa iMbombela yaseMpumalanga. Lapha kwake kwama nse ukusebenza, abasebenzi bekhala ngokukhushulelwa amaholo.

Kuzo zonke izinkundla ezakhiwayo, engenankinga nebambe kahle isikhathi esisevumelwaneni, yileyo eyakhiwa kwelikabhanana, ebizwa ngegama lokuthi iMoses Mabhida. Iyinkundla ezoba nomehluko kwezinye ngoba izoba nenxanxathela yezitolo. Lokhu kusho ukuthi kuzohlale kuphithizela kule ndawo nangemuva kwale midlalo.

Okunye okungaphawuleka okuhle ngala malungiselelo ale midlalo, ukuhlanguka nabaholi bakuleli kukaMengameli weBhola loMhlaba ohambeni lwakhe lokugcina. Abaholi bezepolitiki bakuleli bakhombisa ukuzimbandakanya nawo wonke amalungiselelo ngokuzimisela okukhulu. Wababona waze wabona nalowo ongowokuqala ukuba nguMengameli omnyama kuleli. Uze wabonana nalowo obhekeke ukuba abe uMengameli emva kokhetho lwangonyaka wezi-2009. Ubuyele komkhulu weBhola loMhlaba ehleka yedwa. Lokhu kumqinise idolu ukuthi ngempela leli lizoyisingatha ngempumelelo eyamanqamu.

Isifundazwe saKwaZulu Natali asizibekile phansi njengoba sesivule isikhungo sokufundisa abashayeli bamatekisi indlela yokuphatha kahle abagibeli nokuqinisekisa ukuphepha emgwaqeni. Kuzokhumbuleka ukuthi abantu abaningi abangabathandi bebhola balangazelele ukuzobona leli. Phela leli zwe lidume ngezinto eziningi. Kumqoka ukuthi labo abazobe bebathutha nomphakathi nje jikelele ubaphathe kahle abahambeli baleli. Kufanele baphephe uma bethuthwa behanjiswa izindawo ngezindawo emigwaqeni banakekelwe. Akungakho ukuthi leli ledlula amanye amazwe ngezingozi zemigwaqo. Akekho umuntu wakuleli ozosala ngaphandle ekuphakamiseni ifulege laseNingizimu Afrika. Ingani nabasemakhaya bayibheke ngabomvu le midlalo. Bazohlomula ngendlela yabo ngaphandle kokubukela imidlalo ezinkundleni ezahlukene kumathelevishini abo.

Okunye okuqinise idolu abantu baseNingizimu Afrika ukweqhathwa kwamqembu azogijimisana kowompetha bamazwe ehlukeni. Le midlalo yiyona ekhombisa ngokusobala ukuthi isuke izobhulela amazolo leyo yamanqamu kulelo zwe elizoyisingatha. Umcimbi okwavalwa ngawo unyaka wezi-2008 lo kuleyo ephathelene nokulungiselela eyamanqamu.

Iqembu lakuleli lizothola ithuba lokuzivivinya ngale midlalo. Nokwethulwa ngokusemthethweni kwemascot yonyaka wezi-2010, obizwa ngelikaZakumi, kushayele isipikili sokugcina ekumiseni idolu abantu baseNingizimu Afrika ukuthi ngempela le midlalo iseseMome. UZakumi akapholisanga amaseko wavela waqala ukuvakashela izindawo eziningi.

Okungehlanga kahle kubantu baseNingizimu Afrika wukungaphumeleli kwebafana Bafana kweyokuhlungela imidlalo yase-Afrika ezodlalelwa e-Angola. Lokhu kushiye imibuzo eminingi ngaleli qembu, ikakhulukazi ngoba izwe elisingatha le midlalo lilindeleke ukuba lidale kahle kakhulu. Nakho ukushiya phansi izikhundla ngendlela engaqondakali, kwabanye abebesekomidini elilungiselela le midlalo kushiye abantu bedidekile. Kodwa-ke akusekho ukujikela emva kwendlu isinyathela awabantwana.


IMIBUZO

- 1.1.1 Bhala ngawakho amagama lokho okujabulise abantu baseNingizimu Afrika okushiwo nguMengameli weBhola loMhlaba. (2)
- 1.1.2 Caphuna amazwi asetshenziswe umbhali aqonde 'ukucotha' akulesi siqephu. (1)
- 1.1.3 Abantu abanjani abangosibhincamakhasana? (2)
- 1.1.4 Ngabe kuliqiniso noma akulona iqiniso ukuthi leli lihamba phambili ngobugebengu emhlabeni wonke? Sekela impendulo yakho ngokusesiqeshini. (2)
- 1.1.5 Chaza umqondo ovezwa yile nkulumo: "nihlale nikwenza kunilungele." (2)

- 1.1.6 Kwabaphatha kanjani abantu baseBhayi ukuhoxiswa kwenkundla yabo? (1)
- 1.1.7 Kungani umbhali walesi siqephu esebenzise isenzukuthi esithi: 'nse' lapha esiqeshini? (1)
- 1.1.8 Bhala igama lenkundla engezukusetshenziswa ngabathandi bebhola kuphela eshiwo lapha esiqeshini. (1)
- 1.1.9 Linikeza mqondo muni igama elithi: “ukuphithizela”? (2)
- 1.1.10 Tomula igama elikhombisa ukuthi umbhali akanasiqiniseko sokuthi ubani ngempela ozokuba uMengameli emva kokhetho lonyaka wezi-2009. (1)
- 1.1.11 Nikeza isizathu ocabanga ukuthi kumqoka ngani ukuthi abathandi bebhola baphathwe kahle kuleli. (2)
- 1.1.12 Abantu abahlala emadolobheni kuphela abazohlomula ngale midlalo yebhola. Uyavuma noma uyaphikisana nalesi sitatimende? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.13 Bhala okubili okunikeza abantu baseNingizimu Afrika isiqiniseko sokuthi le midlalo izosingathwa yileli. (2)
- 1.1.14 Caphuna amazwi asetshenziswe esiqeshini asho ukuthi: akuphelanga sikhathi eside. (2)
- 1.1.15 Isinyathela awabantwana. Bhala igama eleqiwe lapha bese uyasho ukuthi umbhali uleqeleni. (2)

[25]

1.2 Bukisisa lo mdwebo olandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

**IMIBUZO**

- 1.2.1 Bhala OKUKODWA okukhombisa ukuthi lo mnumzane wethukile. (1)
- 1.2.2 Lo mame ubonakala enza into angayithandi. Sekela ngokuba ubhale izinto EZIMBILI ezikhombisa lokhu. (2)
- 1.2.3 Bhala into ebonakala yenzeka ekudleni okunikezwa lo mnumzane njengoba enikwa uNkosikazi wakhe. (1)
- 1.2.4 Bhala OKUKODWA okukhombisa ukuthi le nkosikazi ngeyesimanje. (1)

[5]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana bese usifingqa ngamazwi akho aphakathi kwangama-60 kuya kwangama-70.

Umuntu uzakhela yena impumelelo. Kufanele yilowo nalowo asebenzise izikhwepha zakhe angalindeli ukuba kube ngomunye umuntu ozomenzela izinto. Uma ulinde ukuba wenzelwe omunye umuntu izinto impilo yakho iyama nse inganyakazi uze ugcine usunuka abantu ngokuthi kukhona abakwenzayo kuwe, yikho ungenayo inqubekelaphambili. Inhliziyo yakho igcina iyimbi uhlale uqhatha umunyu. Abantu abaphumelelayo ubazonde, ubabeke izici.

Kufanele uhluze ingqondo ucabange ukuthi impilo ngeyakho, ngisho nomzali wakho ukwelekelela agcine ndawondawo, nomngane lincane iqhaza alibambayo. Ngisho isihlobo sakho ocabanga ukuthi sikukhonze kwaze kweqa, asikwakheli ikusasa lakho.

Kumqoka futhi ukuthi ubheke ukuthi kukuphi lapho ungasizakala khona nomanje-ke obani ongasondela eduze kwabo ukuze uphumelele empilweni. Njalo uma uzozisondeza kubantu noma kumuntu kufanele ubheke ukuthi ungumuntu ozosizakala kanjani kuye ukuze impilo yakho iqhubekela phambili. Ungazisondezi kumuntu ohlale ekutshela ukuthi ngeke kwenzeka ukuthi nokuthi ngoba lowo muntu uhlale ebona izigqinamba. Abantu abalungile yilabo okuthi uma ukhuluma ngokwenza into ethile yokukusa phambili bakutshela ukuthi singenza lokhu nalokhu noma nje-ke yenza lokhu nalokhu ukuze ufike lapho ufisa ukuya khona. UMdali wethu usipha njengamandla ethu. Yilowo nalowo muntu kunomlilo ongaphakathi kuye odinga ukukhwezelwa uvuthe ukuze kufezake ihloso ngaye lapha emhlabeni. Akukho mfula ungangahloki. Abanye abantu baze bakukhumbuze ukuthi uma uzalwa usuke ufumbethe lesi siph ophathiswe sona uMdali.

Ekwenzeni konke lokhu kufanele sibalalele abazali bethu abahlala njalo besicabangela okuhle. Kuqala bekwetha igama noma amagama. Igama umzali akwetha lona lisuke lixoxa indaba enkulu ngempilo yakho. Kumqoka ukuba ubabuze ukuthi bakwethelani igama obizwa ngalo? Lapha kukhulunywa ngamagama asho okuthile hhayi amagama obizwa ngawo ngoba kwakukhona umuntu owayebizwa ngalelo gama. Cabanga abantu abavelele emphakathini wakho ukuthi abalandeli yini amagama abo. Bheka nabangane ukuthi abawafuzile yini amagama abo. Yisimanga lesi ukuthi umuntu usuke esebonakale ngani emncane ukuthi uzophila mpiloni. Uyalifuzwa noma lona lifuzwa yena?

Umzali wakho uhlale ekucabangela okuhle ngazo zonke izikhathi. Abazali abaningi batshelwa imizimba yabo uma kukhona okwenzeka ezinganeni zabo, ikakhulukazi uma kungekuhle. Phela yiwona lo mzimba, ikakhulukazi okamama, omthwala izinyanga eziyisishiyagalolunye. Kudingeka ngazo zonke izikhathi ubalalele uma bekhuluma. Nokuthi-ke nje sebeyihambile indlela wena osazoyihamba, sebeyazi kahle.

Sithi sikusho konke lokhu kokuzakhela impilo yakho besazi kahle kamhlophe ukuthi kukhona oPhezukonke oyisiqalo nesiphetho, olawula konke okuphilayo emhlabeni naseZulwini. Ubuye aphumelelise namaphupho ethu sisaphila lapha emhlabeni.

[10]**AMAMAKI ESIQEPHU B:****10**

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3**

Funda lesi siqeshana esicashunwe esichazamazwini bese uphendula imibuzo ezolandela:

l(lí)**bamba**(bz)- umuntu obambela inkosi esihlalweni; obambela omunye isikhundla imvamisa isikhundla sobukhosi noma isikhundla esithile esiphezulu *uku**bamba**(sz)* [-an-; -el-; -ek-; -is-; -w-] 1. ukuxhakathisa ngezandla. *Isela ulibambe ngobhongwane lalikhípha iqíniso.* 2. ukuhlehlisela emuva; ukukhinyabeza; ukulibazisa. *usibambe saze sahlwelwa elíbele ukusíxoxisa.*

3. ukwelamela noma ukufica umuntu enza okuthile imvamisa okungekule.; ukubhadama. *Ngimbambe ephuza utshwala.* 4. ukukwazi ukugcina okuthile engqondweni; ukwazi okuthile. *Into umtshela kanye bese eyibamba unomphela.*

5. ukukhula kahle ube nezimpawu zempilo. *Ubambile lo mmbila, kufiwa isívuno.*

6. ukuba nezimpawu ezikhombisa ukukhulelwanoma kungabonakali kahle; ukuthatha isisu; ukuqala ukukhulelwa. *Ngiyasisola sengathi sesibambile lesi síthole.* 7. **Ukubamba oyaziyo** (ssh) *ukuhamba uye lapho uthanda khona.*

Ukubamba okhambeni (ssh) *ukuphuza utshwala.* **Ukubamba ithambo.** (ssh). *Ukuxhawula.* **Ukubamba elentulo.**(ssh) *ukulandela lokho okushiwo kuqala. nezinye izisho.*

u(lu)**bamba**(bz)- 1. izintingo zexhiba uma sezimiswe zahlanganiswa; u(lu)dlame.

2. indawo ophahleni lwendlu esetshenziswa ukubeka ukudla kwasemasimini njengombila namabele.

uku**bambana** (sz) 1. ukulwa; ukuxabana. *Impi yabambana kwathula umoya.*

2. ukuhlangana noma ukuxabana kwezinto ezinjengentambo. *Kade eqoqa ukotini obubambene.*

3. **Kubambene ingwe nengonyama-** kutholene abanamandla alinganayo.

Ukuzibambela mathupha. (ssh) – Ukuzenzela wena ungathumeli. **Ukubambana ngezihluthu** (ssh) ukutholana phezulu kuliwa.

[Isichazimazwi sesiZulu: Mbatha MO 2006]

3.1 Igama elithi: **ibamba** lingabuye lisho okunye okungefani nomuntu obambe omunye isikhundla. Bhala umusho ozoveza enye incazelo yaleli gama engaveziwe esiqeshini esingenhla. (2)

3.2 Bhala umqondo o lethwa isakhi esidwetshelwe kule misho emibili engezansi:

(a) Umfowethu ubambisa ubaba izinsimbi zemoto azithengile.

(b) Ubanjwe ethi weqa umngcele waseSwazini. (2)

3.3 Sebenzisa igama elithi, “ukubamba” ubhale umusho ngesisho esichaza ukubuyela lapho uqhamuka khona. (2)

- 3.4 Yakha umusho omagatshagatsha ngalezi zinhlobo zemisho engezansi:
- (a) (umshwana okhonzile ochazayo) Inja ebambe unogwaja izolo
- (b) (umusho omkhulu) inja inyamalele. (2)
- 3.5 Sebenzisa isenzo esithi, *bamba* emshweni ukuze kuvele lezi zindlela zesenzo:
- Esabizo esho ukuvuma. (2)
 - Yesimo esho ukuvuma. (2)
- 3.6 Phinda ubhale lo musho ulungise iphutha elikhona, bese usho ukuthi usebenzise yiphi inguquko yomsindo:
- USipho ubambwe yiphoyisa.** (2)
- 3.7 Yakha imisho yakho enezakhi ezizoveza umqondo olandelayo:
- (a) Umqondo wokuzenzela. (1)
- (b) Umqondo wento ezokwenzeka. (1)
- (c) Umqondo wokuphoqa. (1)
- [17]**

UMBUZO 4

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

Halala ntombi kababa! Uyazi uyadela phela wena ngoba ucabanga ukuthi izinto zizozizela lapha kuwe. Uma ungibhekile nje ucabanga ukuthi mina ngizosebenzela wena uthe dekle phansi? Anginamali mina yokukhokhela wena. Hamba uyosebenza.

- 4.1 Ngabe le nkulumo elandelayo iqukethe miphi imizwa:
- 4.1.1 Halala ntombi kababa! (1)
- 4.1.2 Ucabanga ukuthi ngizosebenzela wena mina wena uthe dekle phansi. (1)
- 4.1.3 Anginamali mina yokukhokhela lowo mbhedo. (1)

4.2 Funda le nkulumo engezansi:

Lo mhlangothi esikuwo uzoxazulula izinkinga zezakhamuzi zakule ndawo. Ngeke sivumele izifikanamthwalo zigcagcaze phezu kwamakhanda ethu. Bafowethu nani bodade asibuyise imiqondo yethu ukuze sikwazi ukubhekana nalesi simo. Isimo esinje sidinga ukuhlangana okungakaze kubonakale. Akulungile ukuthi kuze kufike lapho kuthathelwana khona izikhali ngoba niyazi phela ukuthi siwuhlobo olukholelwa ekuxazululeni izinkinga ngokuba kuchitheke igazi.

Khipha amazwi akhombisa lokhu okulandelayo kule nkulumo engenhla:

- 4.2.1 inkolelo engaguquki (1)
- 4.2.2 ulimi oluncengayo (1)
- 4.2.3 inkulumo ekhombisa ukucwasa (1)
- [6]**

UMBUZO 5

5.1 Nikeza isizathu sokubhala ofeleba noma osonhlamvukazi ezinhlamvini ezibhalwe ngokunzima ezisemagameni emishweni elandelayo:

- 5.1.1 (a) Ngeke akuyekelele uSomandla uma umethemba. (1)
- (b) UZimbili ufike zimbili izinsuku enyangeni. (1)
- 5.1.2 Emishweni elandelayo kukhona amagama abhalwe ngezinhlamvu ezinkulu. Nikeza isizathu sokwenza lokhu:
- (a) Abanye abantu besilisa abaqondi ukuthi uCHA usho ukuthini. (1)
- (b) Kukhona isifo esikhungethe abantu abaningi; UKUHLEBA. (1)

5.2 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo:

Ubethukuthele Egane Unwabu

Konakele ngokuthi umqashi wabo abenzele umcimbi wokuvala unyaka. Kutholakale nalabo abangakaze babuthi mbibi sebeqhuba imbuzi. Cabanga-ke lo mcimbi ubewenzelwe khona ngaphakathi emsebenzini. Akekho oke wacabanga ngokungcola obekuxaka ukwenza emva kokuzijabulisa kwabo.

Umninimsebenzi ubonakale enyukubele. Ubuthi uthi tabutabu wedlula phambi kwehhovisi lakhe akukluluze uze uzisole. Igama lokuqala eliphume emlonyeni wakhe elokuthi uzosixosha, angasiholeli. Wonke umuntu ubebheke phansi wena owabona umakoti esanda kufika emzini.

- 5.2.1 Bhala amagama amathathu atholakala kulesi siqeshana afakazela noma ahambelana nesihloko ngokomuzwa wokuthukuthela. (3)
[7]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30

AMAMAKI ESEWONKE: 70